**ISITATIMENDE SABEZINDABA**

**SARS: UMKHANKASO WOKUBANJWA KWEZIDAKAMIZWA**

**Tshwane, 12 kuMfumfu 2025** - Ihhovisi LakwaSARS Lokulawulwa Kwemphahla Emngceleni eliseThekwini libe nomkhankaso ohlanganyele wobuhlakani owenziwe Echwebeni lase-Durban ekuseni mhla ziyi-12 kuMfumfu 2025. Lo mkhankaso uholele ekubanjweni kwezitini ezingama-30 okusolwa ukuthi izidakamizwa ebezisemkhunjini Endaweni Eqandisayo ezilinganiselwa enananini lasemgwaqeni elingu-R 65 000 000.

Izidakamizwa zibe sezinikezelwa kuSAPS, ku-DPCI ukuze baqhubeke nophenyo, ukushushisa kanye nokuzishabalalisa.

Mhla ziyi-12 kuMfumfu 2025 cishe ngehora le-02:45 Ithimba Eliphoqelela Umthetho Ehhovisi Elilawula Impahla Emngceleni eThekwini lithumele Umkhumbi Wokuqapha Ukulawulwa Kwempahla Emanzini i–Striker ukuyovimba ukhumbi eduze kwe-*Fairway Bouy* endaweni engaphandle cishe ngamamayela ama-4 ogwini olusempumalanga ne-Durban. Ithimba Lokuphoqelela Umthetho livimbe umkhumbi ngenkathi ungena echwebeni lase liwuhambisa endaweni yawo yokuma. Ithimba Eliphoqelela Umthetho lingene emkhunjini, lakhulumisana noMphathi Womkhumbi, lase lihlola amadokhumenti ukuhlonza ukuba isiqukathi lesi okukhulunywa ngaso sikuphi.

Umkhumbi uhlolwe Yithimba Lokuphoqelela Umthetho kanti isiqukathi sitholakale emkhunjini ngenkathi kuhlolwa indawo eqandisayo. Lokhu kwaholela ekutholweni okukodwa kwezitini okusolwa ukuthi ziyizidakamizwa.



UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter uzwakalise ukubonga ehhovisi lakwaSARS Lokulawulwa Kwempahla Emngceleni nama-ejensi aphoqelela umthetho ngomsebenzi wabo oncomekayo. Uthe, “Ihhovisi Lokulawulwa Kwempahla Emngceleni likhombise ukusebenza ngokuzikhandla kwaze kwaba sezinzulwini zobusuku ukuze livimbe lo mkhumbi.  Lokhu kubonisa ukuzinikela okungaguquki kukaSARS ekuvikeleni imingcele yethu nokuvimba zonke izigebengu ezizimisele ngokuletha izinto ezinobungozi ezibangela ukuhlupheka okukhulu kuzakhamizi zethu.”

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumana ne SarsMedia@sars.gov.za

IYAPHELA